education

Department:
Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

GRADE 12

ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)

IPHEPHA LESITHATHU (P3)

PREPARATORY EXAMINATION 2008

AMAMAKI: 100

ISIKHATHI: 2½ ama awa

Leli phepha linamakhasi ayisi-6.

IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Abahlolwayo mabafundisise kahle imiyalelo ngaphambi kokuba baphendule imibuzo.

2. Leli phepha lehlukaniswe iziqephu EZINTATHU:

ISIQEPHU A:	Indaba	(50)
ISIQEPHU B:	Imibhalo emide edlulisa imiyalezo.	(30)
ISIQEPHU C:	Imibhalo emifushane edlulisa imiyalezo.	(20)

3. Abahlolwayo kulindeleke ukuba baphendule umbuzo OWODWA esiqeshini A OWODWA esiqeshini B kanye NOWODWA esiqeshini C.

4. Mabaqale umbuzo NGAMUNYE ekhasini ELISHA.

5. Mababhale ngobunono nangesandla esibonakalayo.

6. Mabaqaphele isipelingi sabo kanye nokwakheka kwemisho.

7. Ubude bokubhala lo msebenzi buhamba kanje:

ISIQEPHU A: Bhala indaba ibe amagama angama-340 kuya emagameni angama-390. Khumbula ukuthi uphoqekile ukuba wenze uhlaka lube sekhasini lwalo lodwa ngoba lunamamaki.

ISIQEPHU B: Umbhalo mawube udlulisa umyalezo,amagama abe yi-100 kuya emagameni ayi-120.

ISIQEPHU C: Imibhalo emifishane enomyalezo,mayibe amagama angama-80 kuya emagameni ayi-100.

ISIQEPHU A

Khetha isihloko ESISODWA kulezi ezilandelayo,ubhale indaba ibe amagama angama-340 kuya emagameni angama-390. Khumbula ukubhala uhlaka ekhasini lwalo lodwa ngoba lunamamaki alo.

UMBUZO 1

1.1 Ngaphambi kokuba umuntu aqhwakele kwelenyoni, udlula ezandleni zabantu abaningi abasuke bemcangcatha.Kukhona uthisha oyedwa owaba nesandla esibalulekile kweyami impilo. Bhala **indaba, ezochaza** kucace iqhaza elabanjwa yilo thisha. Inike isihloko indaba yakho. **[50]**

NOMA

1.2 Ube uMholi eMkhandlwini wabafundi isikhathi eside,kwase kubakhona abafundi abangasabuthakaseli ubuholi bakho. Bhala indaba uveze **ubuhle nobubi bokuqhoqhobala ubuholi isikhathi eside.** **[50]**

NOMA

1.3 **Sasiyoba Yini Ukuba Umalume Wayengekho?** Bhala indaba ngalesi sihloko ujeqeze emuva. **[50]**

NOMA

1.4 **Ngabe Kulungile Yini Ukuthi Abantu Besilisa Bathathele Abantu Besifazane izinqumo Ngendlela Okumele Bagqoke Ngayo?** Beka umbono wakho ngokuvumelana noma uphikisane nalesi sihloko. **[50]**

NOMA

1.5 **Abake Babonana Baphinde Babonane.** Bhala indaba **elandisayo** ngalesi sihloko. **[50]**

NOMA

1.6 Bukisisa kahle lesi sithombe esilandelayo, bese ubhala ngaso indaba engamagama asukela kwangama-340 kuya emagameni angama-390. Yinike isihloko indaba yakho.

[50]

AMAMAKI WESIQEPHU A: 50

ISIQEPHU B

Khetha umbhalo OWODWA kule elandelayo bese ubhala kube amagama ayi-100 kuya emagameni ayi-120.

UMBUZO 2

2.1 Umngani wakho enikhule naye usefunda esikoleni esikude, okufundwa kuhlalwe khona. Lesi sikole sixube izinhlanga ezahlukene. Kunezindaba ezingezinhle ezifinyelele ezindlebeni zakho ngalo mngani wakho. Mubhalele incwadi umeluleke, umxwayise ngalezi zinto azenzayo. Mbonise nangokubaluleka kwebanga le-12 ezimpilweni zenu. **[30]**

NOMA

2.2 Sekunesikhathi eside uhleli kwagogo wakho ozala unyoko wakho. Unyoko kuthiwa wahamba eminyakeni eyi-10 eyedlule eyofuna umsebenzi eKapa. Akaphindanga wabuya. Le nto ikuphethe kabi ngoba ngaleso sikhathi wawuneminyaka eyi-6 kuphela. Bhalela abakwaKhumbula Ekhaya, PO BOX 316, Auckland Park, Johannesburg 2000 ubacele bakufunise unyoko. Bika lonke usizi lwakho. **[30]**

NOMA

2.3 UnguMhleli wephephabhuku uBhaqa Magazine. Unengosi lapho ubhala uphinde ubeke imibono yakho ngalokho okusuke kusematheni noma kungundab'zekwayo emphakathini. Indaba esematheni kulezi zinsuku ukudlanga kobugebengu nokusetshenziswa kwezidakamizwa ngisho nayizingane ezincane. Bhala –ke ngalesi simo njengoMhleli waleli phepha bhuku. Uveze umbono wakho weluleke, ugxeke lapho kufanele khona. **[30]**

NOMA

2.4 Abafudi besikole uTholulwazi High School bebenomhlangano omayelana nezinkinga ezinhlobonhlobo ezikhungethe isikole. Lokhu sekuholele ekutheni isikole sabo sibe negama elibi. Babone kukuhle ukuthi babhale indabambiko (memorandamu) esukela ezinqumeni abazithatha emhlanganweneni ebabenawo phambilini. Wena-ke njengoNobhala bhala indabambiko eqondiswe kubaphathi besikole. **[30]**

AMAMAKI WESIQEPHU B: 30

ISIQEPHU C

Khetha umbhalo OWODWA kule elandelayo,ubhale kube amagama angama-80 kuya emagameni ayi-100.

UMBUZO 3

3.1 Uthole umsebenzi wokuba umsizi woMphathi wenkampani enkulu yakwaLever Brothers. Eminye yemisebenzi omiselwe yona eyokuhlela IDAYARI yomphathi. Hlela idayari yoMphathi yesonto lonke, kusukela ngoMsombuluko kuya kuLwesihlanu. Veza izinto azobe ezenza nezindawo azobe ekuzo. Qaphela ukuhlukanisa izikhathi, usuku nosuku. **[20]**

NOMA

3.2 Kuvulwe isikole esisha esilekelela abafundi bebanga le-10 kuya ebangeni le-12. Ube nenhlanhla yokuba ngomunye abaqashwe kulesi sikole. Abaphathi besikole bakujube ukuba wakhe IFLAYA ezokhangisa lesi sikole. Iflaya mayiveze yonke imininingwane ezoheha abafundi kanye nabazali ukuba basebenzise lesi sikole. **[20]**

NOMA

3.3 Isikole senu silungiselela umcimbi wokuvaleliswa kwabafundi bebanga le-12. IKomidi elihlela lo mcimbi livumelene ngokuba kumenywe umsakazi wodumo UdJ T T Zondi ukuba azoba isikhulumi sosuku. Bhala **ikhadi lesimemo** umeme lo msakazi kulo mcimbi. **[20]**

AMAMAKI WESIQEPHU C: 20

AMAMAKI ESEWONKE: 100